<sup>84</sup> Odokotela bayazama ukulixwayisa lina. Futhike ukuthi bangalithengisela njani leyonto! Uba usehla usiya esitolo semithi futhi uthi, “Thenga . . . Ngifuna ukuthenga imvukuzane yamasenti angamatshumi amahlanu.” Ngani, bangeza babavalele. Kodwa lapho uthenga igwayi lamasenti alitshumi, uthenga into efanayo. Odokotela batsho njalo. O, leli ilizwe elihlanyiswa yimali. Kubi kakhulu. Kuyabulala. Kwafakazwa.

<sup>85</sup> Awu, lapho ngibona leyonkazana encinyane enhle isenza nje ingani ihlakaniphile, leligwayi lisesandleni sakhe, lokho kwaphosa kwangibulala, ngoba ngangicabanga ukuthi ngiyamthanda sibili. Futhi ngacabanga, “Awu . . .”

<sup>86</sup> Manje, ngibizwa ngingo “zonda abafazi,” liyakwazi lokho, ngoba ngihlezi ngingani ngimelana labafazi, kodwa hatshi ukumelana lani boDade. Ngimelana nje lendlela abafazi besimanje abenza ngayo. Kunjalo. Abafazi abalungileyo kufanele basekelwe.

<sup>87</sup> Kodwa ngiyakhumbula umtshina wokuhluza kababami wokuhluza ulokhu usebenza, ngangimele ngibe khonale lamanzi futhi lezinto, ngibona amanina amatsha ayengakedluli itshumi lesikhombisa, itshumi lesificaminwembili yeminyaka yobudala, phezulu le belamadoda alingana lami manje, edakiwe. Futhi kwakufuze babakhuphe ibhabhalazi futhi babanike ikofi emnyama, ukuze bayefika ngekhlanya ukuyapheka ukudla kwantambama kwamadoda abo. O, into enjalo, ngathi, “Ngi . . .” Lesi kwakuyisitsho sami lesosikhathi, “Kabafanelanga uhlamvu oluhle oluhlangezileyo ukubabulala ngalo.” Kunjalo. Futhi ngabazonda abafazi. Kunjalo. Futhi kumele nje ngikhangele ukuhamba konke manje, ukusuka ekucabangeni into efanayo.

<sup>88</sup> Ngakho, kodwa khateshi, umfazi olungileyo uligugu emqheleni wendoda. Kufanele ahlonitshwe. Yena . . . Umama wami ngowesifazane, umkami unguye, futhi bayathandeka. Futhi ngilezinkulungwane zabodade abangamaKhristu labo engibahlonipha ngokuphakemeyo. Kodwa uba— uba bengahlonipha lokhu uNkulunkulu abenze khona, ubumama futhi lokuba yindlovukazi uqobo, lokho kulungile. Ungenye yezinto ezinhle uNkulunkulu angayinika indoda, kwakungumfazi. Ngaphandle kosindiso, umfazi yinto enhle uba engumfazi olungileyo. Kodwa uba engayisuye, uSolomoni wathi, “Umfazi olungileyo uligugu emqheleni wendoda, kodwa o—omubi kumbe ongalunganga ungamanzi egazini lakhe.” Futhi kunjalo, kuyinto embi engenzakala. Ngakho umfazi olungileyo . . . Uba ulomkakho olungileyo, mfowethu, kufanele umhloniphe ngokuphezulu. Kunjalo, kufanele ukwenze lokho. Umfazi uqobo! Futhi, bantwana, uba ulomama oqotho lowo ohlala ngekhlanya futhi ezama ukukunakekela, egcina impahla zakho zihlanzekile, akuhambise esikolo, ekufundisa ngoJesu, kufanele uhloniphe lowo mama omuhle omdala ngakho konke okuphakathi kwakho. Kufanele uhloniphe lowo mfazi, yebo, mnumzana, ngoba ungumama uqobo.

<sup>89</sup> Bakhuluma ngokungafundi kwasezintabeni zase Kentucky. Likubona phakathi kulokhu lapha abasemaphandleni abangelampucuko. Abanye babo omama abadala phandle le bangeza lapha eHollywood futhi balifundise lina omama balamuhla ukuthi bakhuliswa njani abantwana benu. Uyekele umntwana wakhe abuye kobunye ubusuku lenwele zakhe zonke zidilikile, futhi lendebe . . . esiwa, (ukubiza ngokuthini lokhu?) izinto zokuzicomba ebusweni babo, futhi lesigqoko sakhe sonke sifithizelwe eceleni elilodwa, futhi ebe phandle ubusuku bonke, edakiwe, mfowethu, uzathatha ezinye zenswazi

phezu kwaleso sihlahla sehikhori futhi kasoze aphinde aphume njalo. Ngiyakutshela, uza...Futhi uba kade lilokuncinyane kokunengi kwalokhu, belizakuba leHollywood engcono khona lapha, futhi lesizwe esingcono. Kunjalo. Kuliqiniso. “Zama nje ukuba ngowesimanje manje,” lokho—lokho ngamanye amacebo kadeveli.

<sup>90</sup> Manje, linkazana encinyane, lapho ngimkhangela, inhliziyoyami yopha. Futhi ngacabanga, “Nto encinyane ehawulayo.”

Futhi wathi, “O, ufuna igwayi, Billy?”

Ngathi, “Hatshi, mama.” Ngathi, “Kangibhemi.”

<sup>91</sup> Wathi, “Manje, uthe kawudansi.” Babefuna ukuyam emdawnseni futhi ngangingeke ngikwenze. Ngakho basebesithi kwakulomdanso phansi le, lokho abakubiza Sycamore Gardens.

Futhi ngathi, “Hatshi, kangidansi.”

<sup>92</sup> Wathi, “Manje, kawu dansi, kawu bhemi, kawu nathi. Ukholisa kanjani?”

<sup>93</sup> Ngathi, “Awu, ngithanda ukuthiya inhlanzi futhi ngithanda ukuzingela.” Lokho akuzange kumthokozise.

Ngakho wathi, “Thatha leligwayi.”

Futhi ngathi, “Hatshi, mama, ngiyabonga. Kangibhemi.”

<sup>94</sup> Futhi ngangimile phezu kwemadigadi. Babe lebhodi ehonqolozileyo kumaFord akudala, liyakhumbula, futhi ngangimile kuleyo madigadi, ngihlezi esihlalweni sangemuva, yena lami. Futhi wathi, “Utsho ukuthi awungeke ubheme igwayi?” Wathi, “Futhi thina amankazana silesibindi esinengi kulaleso olaso.”

Ngathi, “Hatshi, mama, kangikholwa ukuthi ngiyafuna ukukwenza.”

<sup>95</sup> Wathi, “Yindaba, wena sisinyana omkhulu!” O, minabo! Ngangifuna ukuba nguBill omkhulu omubi, ngakho ngangangingafuni ubusisinyana. Bona, ngangifuna ukuba yisilwi esithola umvuzo, lowo kwakungumqondo wami ngempilo. Ngakho ngathi... “Sisinyana! Sisinyana!”

<sup>96</sup> Ngangingeke ngikumele lokho, ngakho ngathi, “Nginika lona!” Isandla sami seluliwe, ngathi, “Ngiza mtshengisa ukuba ngingu sisinyana kumbe hatshi.” Ngathatha lelogwayi futhi ngaqala ukulumathisa umentshisi. Manje, ngiyazi wena u...Manje, kangila mlandu walokhu okucabangayo, ngilomlandu okukhuluma iqiniso. Lapho ngiqala ukulumathisa lelogwayi, nginxwanele nje kangako ukulibhema njenga lokhu ngiphakamisa iBhayibhili leli, bona, ngezwa enye into ihamba, “Whooooossss!” Ngazama futhi, ngehluleka ukulifikisa emlonyeni wami. Futhi ngaqala ukukhala, ngayijikela phansi leyonto. Baqala ukungihleka. Futhi ngaya ngekhyaya, ngadlula

phakathi ensimini, ngahlala phansi phandle le, ngikhala. Futhi—futhi kwakuyimpilo esabekayo.

<sup>97</sup> Ngikhumbula kolunye usuku uBaba wayesiya phansi emfuleni labafana. Umfowethu lami, kwakumele sithathe isikepe futhi senyuke njalo sehle phansi emfuleni, sidinga amambodlela okufaka iwiski phakathi. Sathola ipeni kwalidazeni awo, ukuwa dobha malungana lomfula. Futhi uBaba waye lami, futhi wayelo kunye kwalokho okuncinyane okuyisipatalala. . . . Ngiya kholwa zaziphosa zibe ngamaphayinti embodlela. Futhi kwaku lesihlahla esasi wele phansi, futhi uBaba. . . . Futhi lindoka yayilaye, uMnu. Dornbush. Ngangile yakhe. . . . Wayelesikepe esihle, futhi ngangifuna ukuthola isisa kuye ngoba ngangifuna ukusebenzisa lesa isikepe. Sasile sigwedliso esihle futhi esami sasingela sigwedliso ngitsho. Thina sasi lamapulanka amadala nje okugwedlisa ngawo. Futhi uba wayenga ngivumela ukusebenzisa lesa sikepe. . . . Ngakho, wenza okokutshisela futhi wenzela uBaba imitshina yokuhluzisa. Ngakho yena. . . . Bakhweza unyawo lwabo kuleso sihlahla, futhi uBaba wafinyelela esikhwameni sakhe sangemuva futhi wahwatsha imbodlela encinyane eyisipatalala yewiski, wamqhubela futhi wanatha, wayibuyisela kuBaba futhi wanatha, futhi wayibeka phansi ehlumeleni elincinyane eceleni kwesihlahla lelo elaphuma phandle. Futhi uMnu. Dornbush wayidobha, wathi, “Nanku lapha, Billy.”

Ngathi, “Ngiyabonga, kanginathi.”

<sup>98</sup> Wathi, “Owako Branham, futhi unganathi?” Bonke bafa begqoke izicathulo zabo, phose. Futhi wathi, “Owako Branham, futhi unganathi?”

Ngathi, “Hatshi, mnumzana.”

“Hatshi,” uBaba wathi, “Ngakhulisa indodamfazi eyodwa.”

<sup>99</sup> Ubaba wami engibiza ndodamfazi! Ngathi, “Ngiqhubela leyombodlela !” Futhi ngadonsa lesosivalo ngayivula, nginxwanele ukuyinatha, futhi ngathi ngiqala ukuyiphakamisela phezulu, “Whoooooossh!” Ngayibuyisela imbodlela futhi ngasibathela ngejubane lonke phakathi kwensimu, ngikhala. Enye into yayingangivumeli ukuba ngikwenze. Bona? Angeke ngitsho ukuthi ngangilungile (nganginxwanele ukukwenza), kodwa nguNkulunkulu, umusa, umusa omangalisayo owangigcinayo ekwenzeni izinto lezo. Ngangifuna ukuzenza, ngokwami, kodwa Yena kazange athande angivumele ukukwenza.

<sup>100</sup> Ngokuya kwesikhathi ngathola inkazana lapho sengileminyaka elitshumi lambili ubudala, waye yisithandwa. Wayeyinkazakana ehamba ebandleni, iGerman Lutheran. Ibizo lakhe lalingu Brumbach, B-r-u-m-b-a-c-h, livela ebizweni lokuthi Brumbaugh. Futhi wayeyinkazana enhle. Waye ngabhemi loba ukunatha, kumbe—kumbe waye ngadansi kumbe

loba yini, inkazana enhle. Ngahamba laye okwesikhathshana, futhi ngangi... Khona-ke, phose amatshumi amabili lambili, ngenza imali eneleyo ngaze ngazithengela iFord endala, futhi nga... sasiphuma ndawonye ekuhambisaneni. Futhi-ke, leso sikhathi, kwakungela bandla leLutheran eduzane, babe sukile eHoward Park phezulu le.

<sup>101</sup> Futhi-ke kwakukhona... umtshumayeli, lowo owangi gcobayo ebandleni leMissionary Baptisti, uDokotela Roy Davis. UDade Upshaw, yena kanye owathuma uMfowethu Upshaw kimi, kumbe wakhuluma laye ngami, uDokotela Roy Davis. Futhi-ke wayetshumayela, futhi wayele bandla leFirst Baptisti, kumbe i-i... kangikholwa ukuthi kwakulibandla leFirst Baptisti, kumbeni, kwakuyi Mission-... elibizwa ibandla leMissionary Baptisti eJeffersonville. Futhi wayetshumayela kuleyo ndawo ngalesosikhathi, futhi sasihamba ebandleni ebusuku, ngakho... futhi sasi phenduka. Futhi ngangingakaze ngijoyine ibandla, kodwa ngangithanda nje ukuhamba laye. Ngoba ingqondo emqoka kwakuyi "kuhamba laye," kungaba ngcono nje ngithembeke.

<sup>102</sup> Ngakhoke lapho ngihamba laye, futhi ngolunye usuku nga... Waye phuma emulini enhle. Futhi ngaqala ukucabanga, "Uyazi, uyazi, angimelanga ngiqede isikhathi senkazana leyo. Khona kaku—kakulunganga, ngoba wayeyinkazana elungileyo, futhi mina ngingumyanga futhi—futhi nga..." Ubaba wami waye wayehlala egula, futhi nga—nga... Kwakungela ngitsho indlela yokunakekela inkazana enjengaleyo, owayejwayele ikhaya elihle futhi lezizigabha esibuyeni.

<sup>103</sup> Ngiyakhumbula isigcabha sokuqala engake ngasibona, ngangingazi ukuthi sasiyini. Ngakhekheleza emaceleni. Ngacabanga ukuthi kwakuyinto enhle esengake ngayibona empilweni yami. "Bangafaka kanjani into enjalo esibuyeni?" Kwakuyi sigcabha sokuqala engake ngasibona. Kwaku—kwakungesinye salezi... Ngiyakholwa sibizwa "isigcabha esalukiweyo." Ngingabe ngikukhulume ngoku ngayisikho. Okohlobo olunje "umluko" kumbe into eyalukiweyo ndawonye, futhi iyendlalwe esibuyeni. Ubuluhlaza lobubomvu obuhle, futhi lerosi elikhulu elelukwe phakathi laphakathi kwakho, uyazi. Kwakuyinto enhle.

<sup>104</sup> Futhi-ke ngiyakhumbula nga—nganquma engqondweni yami ukuthi ngangizamcela ukuthi angigane, kumbe kumele ngisuke futhi ngitshiye enye indoda elungileyo imgane, omunye ozabe elungile kuye, ongamnakekela futhi abelesineke kuye. Ngingaba lesineke kuye, kodwa nga—nga—ngangisenza amasenti alitshumi lambili ngehola. Ngakho ngangingengeke ngimnakekele kangako. Futhi mina... Lemuli yonke esasimele siyinaekele, futhi uBaba ephundlekile ngempilakahle, futhi kwakumele ngibanakekele bonke, ngakho ngangisiba lesikhathi esinzima sibili.

<sup>105</sup> Ngakho ngacabanga, “Awu, into kuphela kimi ukuyenza yikumtshela ukuthi ngi—ngi...yena...a—angisoze nje ngiphenduke, ngoba ngacabanga kakhulu ngaye ukona impilo yakhe lokumtshiya eziyenga ngami.” Futhi-ke ngacabanga, “Uba omunye engamthola futhi amgane, enze ikhaya elihle. Futhi mhlawumbe uba ngangingeke ngibe laye, ngangi—ngangingaba kwazi ukuthi uyajabula.”

<sup>106</sup> Ngakho ngacabanga, “Kodwa nje ka—kangingeke—kangingeke ngitshiyane laye!” Futhi nga—ngangisesimweni esibi. Futhi usuku ngosuku ngangicabanga ngakho. Ngakho ngangilenhloni kakhulu ukumcela ukuthi angigane. Ubusuku bonke ngangisenza isiqumo sami, “Ngizamcela.” Futhi, lapho ngi, uh, kuyini lokhu, amavevani, kumbe enye into oyitholayo kweyakho...? Lonke lina bazalwane phandle le phose laba lesehlakalo esifanayo ngalokho. Futhi umuzwa ongazwisisekiyo, ubuso bami babutshisa. Nga—ngangingazi. Ngangingeke ngimcele.

<sup>107</sup> Ngakho ngithemba liyamangala ukuthi ngagana njani. Liyazi ukuthini? Ngambhalela incwadi futhi ngamcela. Futhi-ke yena...Manje, kwakungeyisikho “Nkosazana ethandekayo,” kwakugxile kakhulu kancani (liyazi) eceleni kothando kulalokho. Kwaku ngesiso nje i—isivumelwano, khona kwaku... nga—ngayiloba yona, ngobungcono engibenelisayo.

<sup>108</sup> Futhi ngangisesaba kancane umama wakhe. Umama wakhe waye...waye ngani ulukhuni. Futhi, kodwa uyise waye ngumDatshi othambileyo omdala, indoda enhle nje endala. Wayengumqoqi wabantu, amadoda esitimela, esipolweni, ehola phose amakhulu amahlanu amadola ngenyanga kuzona lezo zikhathi. Futhi mina ngihola amatshumi amabili amasenti ngehola, ukugana indodakazi yakhe. Uh! Ngabakwazi lokho kungeke kusebenze. Futhi umama wakhe waye...Manje, yinkosikazi elungileyo. Futhi yena—yena wayeluhlobo lwabanye labo beqembu laphezulu, liyazi, futhi angani yisipantsha, liyazi, futhi-ke wayengelani lokwenza ngami kangako loba kanjani. Ngangi ngumfana omdala wemakhaya ohawulayo, futhi wayecabanga uHope wayefanele ahambe lohlobo olungcono lomfana, futhi ngi—ngi—ngicabanga wayeqondile. Futhi-ke... Kodwa ka—kangizange ngikucabange ngalesosikhathi.

<sup>109</sup> Ngakho ngacabanga, “Awu, manje, kangikwazi ukuthi njani. Ngi—ngingeke ngicele ubaba wakhe, futhi ngi—ngiqinisekile kangiyi kucela umama wakhe. Futhi-ke kumele ngiqale ngokumcela kuqala.” Ngakho ngasengibhala mina incwadi. Futhi lokho kusa endleleni ngisiya emsebenzini, ngayiphosela ebhokisini lencwadi. Incwadi...Sasisiya ebandleni ngolweSithathu ebusuku, futhi lokho kwakungoMvulo ekuseni. Ngazama usuku lonke ngeSonto ukumtshela ukuthi ngangifuna ukuthatha, futhi nje ngangingakwanisi ukuqunga isibindi eseneleyo.

110 Ngakhoke ngayiphosela ebhokisini lencwadi. Futhi ngiqhuba ngisemsebenzini lolosuku kwenzakala ngacabanga, “Pho uba umama wakhe ebambe leyo ncwadi?” O, minabo! Khona-ke ngabakwazi sengonakele uba—uba eseke wayibamba, ngoba wayengelandaba kangako ngami. Awu, ngangikuginqela nje.

111 Futhi olweSithathu lolo ebusuku lapho ngisiza, o, minabo, ngacabanga, “Ngizafika njani phezulu lapho? Uba unina ebambe leyoncwadi uzangihwatsha sibili, ngakho ngithemba uyitholile.” Ngayibhalela ku “Hope.” Lelo kwakulibizo lakhe, Hope. Futhi-ke ngathi, “Ngizayibhala nje phandle isiya ku Hope.” Futhi-ke... Futhi ngacabanga mhlawumbe engabe engayibambanga.

112 Ngakho ngabakwazi ngcono kulokuma phandle futhi ngitshaye iwuta ukuze aphume phandle. O, minabo! Futhi loba nguphi umfana ongela sibindi eseneleyo esokuya endlini futhi aqoqode emnyango futhi acele inkazana, akala msebenzi wokuba phandle laye kungenani. Kunjalo sibili. Lokho kuyibuzanka. Lokho kutshiphile.

113 Futhi-ke ngamisa iFord yami endala, uyazi, futhi ngangiyenze yacazimula okuzwayo. Futhi-ke ngaya futhi ngaqoqoda emnyango. Maye, umama wakhe weza emnyango! Ngehluleka lokuzibamba ukuphefumula kwami, ngathi, “Ku—ku—kunjani, Nkz. Brumbach?” Yebo.

114 Wathi, “Kunjani, William.”

Ngacabanga, “Uh-oh, ‘William’!”

Futhi—futhi wathi, “Ungangena phakathi?”

115 Ngathi, “Ngiyabonga.” Ngangena phakathi komnyango. Ngathi, “Engabe eselungele na uHope?”

116 Futhi khona nje nango esiza uHope eseqayeqa phakathi endlini, inkazana nje phose eletshumi lesithupha. Futhi wathi, “Sakubona, Billy!”

117 Futhi ngathi, “Sakubona, Hope.” Futhi ngathi, “Usulungele ukuya ebandleni?”

Wathi, “Umzuzu nje.”

118 Ngacabanga, “O, minabo! Akazange ayithole. Akazange ayithole. Kuhle, kuhle, kuhle. UHope kazange ayithole laye, ngakho kuyabe kulungile, ngoba wayezakuba ekukhulumile khona kimi.” Ngakho ngezwa ngezwa kuhle sibili.

119 Futhi-ke lapho ngifika ebandleni, kwenzakala ukuba ngicabange, “Aluba eyitholile?” Bona? Futhi kangizange ngizwe lokho uDokotela Davis ayekutsho. Ngakhangela kuye, futhi ngacabanga, “Uba mhlawumbe eyigodlile nje, futhi uzangitshela okwamagama lapho ngiphuma phandle lapha, ngokumcela lokho.” Futhi ngangingezwa lokho uMfowethu

uDavis ayekutsho. Futhi—futhi ngakhangela kuye, futhi ngacabanga, “Minabo, ngiyazonda ukumtshiya, kodwa . . . Futhi nga—nga . . . ukuqedelana kuyeza sibili.”

<sup>120</sup> Ngakho emva kwebandla saqala ukuhamba sisehla esitaladeni sisonke, sisiya ngekhaya, futhi—futhi-ke saya kuFord endala. Futhi-ke sonke isikhathi inyanga yayikhanya ikhazimula, liyazi, ngakhangela ngakuye futhi wayebukeka. Mfana, ngakhangela kuye, futhi ngacabanga, “Minabo, ngithanda kanganani ukuba laye, kodwa ngithemba angingeke.”

<sup>121</sup> Futhi-ke ngahamba phambidlana nje, uyazi, futhi ngamkhangela njalo. Ngathi, “Ngabe—ngabe usizwa njani lobubusuku?”

Wathi, “O, ngikahle.”

<sup>122</sup> Futhi samisa iFord endala futhi saqala ukuphuma, uyazi, khona ngaseceleni, sahamba sabhoda ekhoni futhi saya endlini yangakibo. Futhi sengisiya emnyango kanye laye. Ngacabanga, “Uyazi, ngxenyekazange ayithole incwadi, ngakhoke lami nje ngcono ngikhohlwe ngakho. Ngizakuba lenye iviki eyengeziweyo kungenani.” Ngakho ngaqala ukuzwa kuhle sibili.

Wathi, “Billy?”

Ngathi, “Yebo.”

Wathi, “Ngiyitholile incwadi yakho.” O, minabo!

Ngathi, “Uyitholile?”

<sup>123</sup> Wathi, “Uh-huh.” Awu, waqhubeka nje ehamba, kazange atsho elinye ilizwi.

<sup>124</sup> Ngacabanga, “Mfazi, ngitshela ulutho. Ngixotshela kude kumbe ungitshela lokhu okucabangayo ngakho.” Futhi ngathi, “Uyi—uyi balile?”

Wathi, “Uh-huh.”

<sup>125</sup> Minabo, uyazi ukuthi umfazi uyakugcina njani ukhangelele. O, be—beningakutsho ngaleyondlela, uyabona. Bona? Kodwa, kungenani, liyazi, nga—ngacabanga, “Kungani ungatsho enye into?” Bona, futhi ngaqhubeka ngihamba. Ngathi, “Uyibale yonke na?”

Futhi yena . . . [Indawo engela lutho ethephini—Mhl.] “Uh-huh.”

<sup>126</sup> Ngakho sasesiphose sesisemnyango, futhi ngacabanga, “Mfana, ungangifikisi egosini, ngoba ngingehluleka ukugijima ngibatshiye, ngakho ngitshela khona khathesi.” Futhi-ke ngaqhubeka ngilindele.

<sup>127</sup> Futhi wathi, “Billy, ngingathanda ukukwenza lokho.” Wathi, “Ngiyakuthanda.” UNkulunkulu abusise umphefumulo wakhe manje, use Nkazimulweni. Wathi, “Ngiyakuthanda.” Wathi,



“Ngicabanga kumele sitshele umzali wethu . . . abazali ngakho. Awucabangi njalo?”

<sup>128</sup> Futhi ngathi, “Sithandwa, lalela, kasiqalise lokhu khona kanje sikwethule kulingane nxazonke.” Ngathi, “Ngizatshela ubaba wakho uba wena ungatshela umama wakho.” Ngiphosela ingxenye enzima kuye, ukuqala ngakho.

Wathi, “Kulungile, uba ungatshela uBaba kuqala.”

Ngathi, “Kulungile, ngizamshela ngeSonto ebusuku.”

<sup>129</sup> Futhi-ke ebusuku bangeSonto bafika, ngamletha ngekhaya sivela ebandleni futhi nga . . . Waqhubeka elokhu engikhangela. Futhi ngakhangela, futhi kwaseku ngelesificamunwemunye lengxenye, kwase kuyisikhathi sokuthi ngihambe. Ngakho uCharlie wayehlezi etafuleni yakhe, ethayipha. Futhi uNkz. Brumbach ehlezi ekhoni, eseluka okuthile, liyazi, kumbe izindingilizi ezincinyane ozibeka zilenge ezintweni, liyazi. Kangikwazi ukuthi likubiza likuthini. Futhi-ke wayesenza okunye kohlobo lwezinto lezo. Futhi uHope waye lokhu ekhangela kimi, futhi wayengihwaqela, uyazi, akhombele kuyise. Futhi mina . . . O, minabo! Ngacabanga, “Phoke uba engathi, ‘Hatshi’?” Ngakho ngasuka ngisiya emnyango, ngathi, “Awu, ngibona kungcono ngihambe.”

<sup>130</sup> Futhi ngaya emnyango, futhi—futhi laye waya emnyango lami. Wayehlala ebuya emnyango futhi angitshela “ulale kuhle.” Ngakho ngaya emnyango, futhi wathi, “Kanti kawumtsheli yini?”

<sup>131</sup> Futhi ngathi, “Huh!” Ngathi, “Ngiyazama sibili ukumtshela, kodwa a—a—angikwazi ukuthi ngizakwenza njani.”

<sup>132</sup> Futhi wathi, “Ngiza buyela nje futhi wena umbizele phandle.” Ngakho wabuyela phakathi futhi wangitshiya ngimile lapho.

Futhi ngathi, “Charlie.”

Watshibilika futhi wathi, “Yebo, Bill?”

Ngathi, “Ngingakhuluma lawe nje okomzuzu?”

<sup>133</sup> Wathi, “Sibili.” Watshibilika etafuleni lakhe. UNkz. Brumbach wamkhangela, wamkhangela kuHope, futhi wangikhangela.

Futhi ngathi, “Ungaphumela phandle egosini?”

Futhi yena wathi, “Yebo, ngizaphumela phandle.” Ngakho waphumela phandle egosini.

Ngathi, “Sibili yibusuku obuhle, kuyisibo na?”

Futhi wathi, “Yebo, kuyibo.”

Ngathi, “Sibili bekukhudumala.”

“Sibili bekunjalo,” yena wangikhangela.

<sup>134</sup> Ngathi, “Bengisebenza kanzima,” ngathi, “uyazi, ngitsho lezandla zami sezisiba lamathuthuva.”

Wathi, “Ungamthatha, Bill.” O, minabo! “Ungamthatha.”

<sup>135</sup> Ngacabanga, “O, lokho kungcono.” Ngathi, “Ukutsho sibisibili, Charlie?” Wathi...Ngathi, “Charlie, khangela, ngiyakwazi ukuthi uyindodakazi yakho, futhi wena ulemali.”

<sup>136</sup> Futhi wafinyelela lapho futhi wangibamba ngesandla. Wathi, “Bill, lalela, imali kayisiyo yonke into empilweni yabantu.” Wathi... .

<sup>137</sup> Ngathi, “Charlie, ngi—ngiyenza amasenti angamatshumi amabili kuphela ngehola, kodwa ngiyamthanda futhi laye uyangithanda. Futhi ngiyakuthembisa, Charlie, ukuthi ngizasebenza kuze kuthi lezi... .ama thuthuva asuke ezandleni zami, ukumnakekela. Ngizaqiniseka kuye nje ngokukwanisa kwami.”

<sup>138</sup> Wathi, “Ngiyakukholwa lokho, Bill.” Wathi, “Lalela, Bill, ngifuna ukukutshela.” Wathi, “Uyazi, ukuthokoza, kakuthathi imali yodwa ukuba uthokoze.” Wathi, “Woba ngolungileyo nje kuye. Futhi ngiyakwazi uzakuba njalo.”

Ngathi, “Ngiyabonga, Charlie. Ngeqiniso ngizakwenza lokho.”

<sup>139</sup> Khona-ke kwase kuyisikhathi sakhe sokutshela uMama. Kangazi ukuthi ngabe wakwenza njani, kodwa satshada.

<sup>140</sup> Ngakho, lapho sesitshadile, sasingelalutho, singelalutho lwendlini. Ngicabanga sasilamadola amabili kumbe amathathu. Ngakho sarenta indlu, yasibizela amadola amane ngenyanga. Kwakuyindawo encinyane, elezindlu ezimbili ezindala. Futhi omunye umuntu wasipha umbheda omdala ogoqwayo. Ngingazi uba ekhona owake wabona umbheda ogoqwayo omdala? Futhi basipha lokho. Futhi ngasengisiya phansi eSears leRoebucks futhi ngathola itafula encinyane elezitulo ezine, futhi yona—yona yayingapendwanga, uyazi, futhi sathola lokho ngesikhathi. Futhi-ke ngasengisiya kuMnu. Weber, owaye thengisa impahla ezingaselamsebenzi, futhi ngathenga isitofu sokupheka. Ngasibhadalela amasenti angamatshumi ayisikhombisa lanhlanu, futhi idola lokuthile eyezinsimbi ukungena phakathi kwaso. Samisa ikhaya. Futhi ngiyakhumbula ngithatha futhi ngipenda umfanekiso weluba ishamrock ezitulweni, lapho ngiziphenda. Futhi, o, sasithokoza, loba kunjalo. Sasizuzene, yikho okwakudingeka. Futhi uNkulunkulu, ngesihawu Sakhe lobuhle Bakhe, sasingababili abancinyane abathokozayo abangaba khona emhlabeni.

<sup>141</sup> Ngafumana lokhu, ukuthi ukuthokoza kakubalelwa ekuthini ulokunengi okunganani okwempahla zomhlaba olazo, kodwa ukuthi usuthiseka okunganani ngesabelo osabelweyo.

<sup>142</sup> Futhi, emva kwesikhathi, uNkulunkulu wehla phansi futhi wabusisa ikhaya lethu elincinyane, saba lomfana omcinyane. Ibizo lakhe kwakungu Billy Paul, ukhona enkonzweni khathesi lapha. Futhi emva kwesikhatshana kusukela lapho, phose inyanga ezilitshumi lanye, Wasibusisa njalo ngenkazana encinyane ethiwa nguSharon Rose, lithathwa kubala lokuthi “iRose lase Sharon.”

<sup>143</sup> Futhi ngiyakhumbula ngolunye usuku ngangigcine imali yami futhi ngangizathatha ikhefu elincinyane, ngisiya phezulu endaweni, iPaw Paw Lake, ukuyathiya. Futhi endleleni yami ngiphenduka. . .

<sup>144</sup> Futhi ngesikhathi lesi. . . Ngitshiya phandle ukuguquka kwami. Ngaguquka. Futhi ngagcotshwa nguDokotela Roy Davis, ebandleni leMissionary Baptisti, futhi ngasengingumtshumayeli futhi ngilethabhanekeli engitshumayela kilo khathesi eJeffersonville. Futhi ngangiselusa ibandla elincinyane. Futhi nga. . .

<sup>145</sup> Kungelamali, ngelusa ibandla iminyaka elitshumi lesikhombisa futhi angizange ngithole ipeni elilodwa. Ngangingakholwa eku thath-. . . Kwakungela ngitsho umganu wokunikela phakathi kwalo. Futhi kukho okwetshumi engangilakho kuvela emsebenzini, futhi lokunjalo, kwakule bhokisi elincinyane ngemuva kwesakhiwo, kusithi, isiboniso esincinyane kulo, “Njengoba likwenzile komunye walaba abancinyane Bami, likwenzele Mina.” Futhi-ke yiyo indlela ibandla elabhadalelwa ngayo. Sasile sikwelede seminyaka elitshumi ukubhadala, futhi sabhadalwa iminyaka emibili ingakapheli. Futhi angizange ngithathe uminikelo loba wohlobo luphi.

<sup>146</sup> Futhi-ke ngangile, o, amadola amalutshwane engangiwagcinele ikhefu lami. Wayesebenza, laye, eFine’s Shirt Factory. Inkazana ethandekayo enhle. Futhi ithuna lakhe mhlawumbe lilo ngooqwane lamhlanje, kodwa ulokhu esehliziyweni yami. Futhi ngiyakhumbula lapho esebenza nzima ukungicedisa ukuba lemali eneleyo ukuya kulelidamu elikhulu ukuyathiya.

<sup>147</sup> Futhi lapho ngiphenduka ngivela edamu elikhulu, ngaqala ukubona, ngingena eMishawaka futhi leSouth Bend, Indiana, futhi ngaqala ukunanzelela izimota lezo ezazilesiboniso ngemuva, esithi, “UJesus Kuphela.” Futhi ngacabanga, “Lokho kuyamangalisa, ‘UJesus Kuphela.’” Futhi ngaqala ukunanzelela lezo ziboniso. Futhi zazindawo zonke kusukela emabhayisikilini, amaFord, amaCadillac, loba yini okunye, “UJesus Kuphela.” Futhi ngalandela okunye kwazo phansi, futhi bafika ebandleni elikhulu kakhulu. Futhi ngathola ukuthi babengamaPhentekhosti.

<sup>148</sup> Ngangizwile ngamaPhentekhosti, kodwa babelixuku “labagiqiki-abangwele ababelala esibuyeni futhi bekhhliza amagwebu emlonyeni yabo,” futhi layo yonke into abangitshela ngayo. Ngakho ngangingafuni lutho lokwenza ngakho.

<sup>149</sup> Ngakho ngabezwa bonke beqhubeka phakathi lapho, futhi ngacabanga, “Ngikholwa ngizangena nje phakathi.” Ngakho ngamisa iFord yami endala futhi ngangena phakathi, futhi konke ukuhlabela osowake wakuzwa empilweni yakho! Futhi ngabuya ngathola ukuthi kwaku lamabandla amabili amakhulu, elinye lawo libizwa iP.A. yeJ.C., leP.A. yeW., abanengi benu lina bantu lingakhumbula lezo ezindala inhlang...ngicabanga sezimanyene, zibizwa manje, futhi babizwa ibandla leUnited Phentekhostal. Awu, ngalalela abanye babafundisi babo. Futhi babemile khonapho, o, babefundisa ngoJesu futhi lokuthi Wayemkhulu okunganani, futhi lokuthi yonke into yayinkulu okunganani, futhi mayelana “ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele.” Ngacabanga, “Kuyini abakhuluma ngakho?”

<sup>150</sup> Futhi, emva kwesikhatshana, omunye umuntu weqela phezulu futhi waqala ukukhuluma ngendimi. Awu, ngangingakaze ngizwe into enjengaleyo empilweni yami. Futhi nangu esiza omunye umfazi othile phezulu lapho egijima ngamandla onke. Khona-ke bonke baphakama futhi baqala ukugijima. Futhi ngacabanga, “Awuke, mfowethu, isibili kabala kuziphatha ebandleni!” Beklabalala njalo bememeza futhi beqhubeka, ngacabanga, “Lixuku bani elinje!” Kodwa, uyazi, enye into ngakho, isikhathi eside ngihlezi lapho, ngakuthanda kangcono. Kwakulenywe into eyayikhangeleka ukubanhle sibili. Futhi ngaqala ukubakhangela. Futhi kwaqhubeka. Ngacabanga, “Ngizababekezelela okwesikhatshana, ngoba ngiza...Ngiseduze lase mnyango. Uba enye into iqalisa nje mahlayana, ngizagijima ngiphume ngomnyango. Ngiyazi lapho imota yami epakwe khona, ngasekhoneni nje.”

<sup>151</sup> Futhi ngaqala ukuzwa abanye babo abatshumayeli, babe yizifundiswa lezifundi. Ngani, ngacabanga, “Lokhu kuhle.”

Ngakho kwafika isikhathi sokudla kwantambama, futhi bathi, “Wonkumuntu kabuye ekudleni kwantambama.”

<sup>152</sup> Kodwa ngacabanga, “Mana okomzuzu. Ngiledola lamasenti angamatshumi ayisikhombisa lanhlanu ukuya ngekhaya, futhi nga...” Yikho kuphela engangilakho okwemali yamafutha. Kwakuthatha yonaleyo ukungisa ekhaya. Futhi ngangileFord yami endala, kwakuyi Ford enhle endala. Yayingahlehlanga emuva, yayi njengaleyi phandle lapha, isiphelile. Futhi ya...khona nje ngiyakholwa sibili ukuthi leyo Ford yayingahamba amamayila anga matshumi amathathu ngehola, kodwa yebo kwakulitshumi lanhlanu usiya ngalindlela futhi itshumi lanhlanu ngalindlela. Uyabona, kubeke ndawonye, ulamatshumi amathathu. Futhi-ke kwa...Ngacabanga, “Awu,

lobobusuku ngiyacabanga ngizahamba phandle emva kwe...” Ngangihlalele inkonzo yebusuku.

<sup>153</sup> Futhi, o, wathi, “Bonke abatshumayeli, kungenani lenhlanganiso yesonto, wozanini kuplatifomu.” Awu, sasifika phose amakhulu amabili lapho, ngaya phezulu. Futhi-ke wathi, “Manje, kasila sikhathi ukuba lonke litshumayele.” Wathi, “Hamba nje ngalapha futhi uzitsho ukuthi ungubani lalapho ovela okhona.”

<sup>154</sup> Awu, safika isikhathi sami, ngathi, “William Branham, Baptisti. Jefforsonville, Indiana.” Ngedlula.

<sup>155</sup> Ngangisizwa bonke bezibiza ngokwabo, “Phentekhostali, Phentekhostali, Phentekhostali, P.A. ye W., P.A.J.C., P.A.W., P...”

<sup>156</sup> Ngahamba lapho. Ngacabanga, “Awu, ngithemba ngiyindlubu esephokweni.” Ngakho ngahlala phansi, ngalindela.

<sup>157</sup> Futhi, lolo suku, babe labakahle, abatshumayeli abancane phandle lapho, futhi babetshumayele okulamandla. Futhi-ke bathi, “Lowo ozasilethela umbiko lobubusuku ngu...” Ngiyakhohlwa babembiza, “Mdala.” Futhi labatshumayeli babo, kulokuthi “Mhlonitshwa,” kwakungu “Mdala.” Futhi baletha indoda endala ensundu phandle lapho, futhi yayilenye yalawa majazi esidala esifundisi. Angithembi ukuthi selake labona elilodwa. Umsila omude wenkwilimba ngemuva, liyazi, kanye lekhola yevelivethi, futhi wayelomzila omhlophe omncinyane wenwele ozungeza ikhanda lakhe. Indoda endala ehawulayo, yaphumela phandle njenga *lokhu*, liyazi. Futhi wema khonapho njalo watshibilika. Futhi lapho abatshumayeli bonke babetshumayela ngoJesu futhi lomkhulu...lokuthi Wayeemkhulu okunganani, lokunjalo, leyo ndoda endala yathatha umbhalo wayo kuJobe. “Wawungaphi lapho ngibeka isisekelo somhlaba, kumbe lapho inkanyezi zokusa zihlabela ndawonye futhi amadodana kaNkulunkulu ememeza ngentokozo?”

<sup>158</sup> Futhi indoda endala ehawulayo, ngacabanga, “Kungani bengabekanga abanye bamadoda amatsha phezulu lapho ukutshumayela?” Okukhulu...indawo yayigcwele futhi iminyene. Futhi ngacabanga, “Kungani bengenzanga lokho?”

<sup>159</sup> Ngakho-ke lapho lindoda endala, kulokutshumayela lokhu okwakusenzakala phansi lapha emhlabeni, waqala ukutshumayela ngalokhu okwakusenzakala eZulwini sonke isikhathi. Awu, waMsusa phezulu ekuqaleni—ekuqaleni kwesikhathi, futhi waMletha emuva ekuBuyeni kwesiBili phansi kumchilo wamakhosikazi onqumisileyo. Ngani, angikaze ngizwe ukutshumayela okunje empilweni yami! Phose ngaleso sikhathi uMoya wamtshaya, weqa phezulu phose *kangaka* futhi watshayanisa izithende zakhe ndawonye, waphosa

amahlombe akhe emuva futhi wahamba eqoqomele esuka kuleyo platifomu, wathi, “Kalilandawo engeneleyo phezulu lapha ukuze ngitshumayele.” Futhi wayelendawo enengi kulengilayo lapha.

<sup>160</sup> Ngacabanga, “Uba Lokho kusenza indoda elupheleyo iziphathe njengalokho, khona kuzaKwenzani uba Kusiza phezu kwami?” Nga—ngacabanga, “Mhlawumbe ngifuna okunye kwaLokho.” Yindaba, waphuma phandle lapho, ngezwa ngiyizwela lindoda endala. Kodwa, lapho esuka, ngase ngizizwela ngokwami. Futhi ngamkhangela ehamba esuka lapho.

<sup>161</sup> Ngaphuma phandle lobobusuku, futhi ngacabanga, “Manje, ukusa okulandelayo kangiyi kuvumela muntu abekwazi ngaphi, lokuthi ngingubani.” Ngakho ngahamba, futhi lobo busuku ngelula ibhulugwe lami. Ngathatha i . . . ngahamba phandle phakathi kwensimu yomumbu ukuyalala, futhi ngehla phansi futhi ngazithengela amabhanzi omileyo. Wena . . . Ngathenga iphakethi lawo eligcweleyo ngesenti. Kwakule mpompi yamanzi phansi lapho, ngakha amanzi. Ngakho ngabakwazi ukuba lokho kuzangitshova okwesikhatshana ngakho ngazikhela amanzi ngawanatha, futhi ngahamba futhi ngadla amabhanzi ami. Futhi ngaphenduka futhi nganatha amanye amanzi. Ngaphumela phandle ensimini yomumbu, ngathatha izihlalo ezimbili futhi ngendlala ibhulugwe lami elinguzozo phakathi lapho, ngalelula esihlalweni.

<sup>162</sup> Futhi, lobobusuku, ngakhuleka phose ubusuku bonke. Ngathi, “Nkosi, kuyini lokhu engingene kukho? Angikaze ngibone abantu abalenkolo enje empilweni yami.” Futhi ngathi, “Ngisize ukubakwazi ukuthi lokhu konke kumayelana ngani.”

<sup>163</sup> Futhi ekuseni okulandelayo ngaya khona lapho. Basinxusa ekudleni kwekuseni. Ngoba, ngangingeke ngize ukuzokudla labo, ngoba ngangingelalutho lokufaka emnikelweni. Futhi ngabuyela nje emuva. Futhi ekuseni okulandelayo lapho ngingena phakathi, ngani (ngadla amanye amabhanzi ami), futhi ngahlala phansi. Futhi bafika kumayikhrofoni. Futhi ngangingakaze ngibone imayikhrofoni ngaphambili, futhi ngangiyesaba leyonto. Ngakho ba . . . Futhi yayi lokuyintambo okuncinyane kulenga phezulu lapha, futhi layo ilenga phansi. Eyinye yalawo amamayiki alengayo, njengawo. Futhi wathi, “Izolo ebusuku, kupulathifomu, bekulomtshumayeli osasemutsha lapha, umBaptisti.”

Ngacabanga, “Uh-oh, sokungitholile manje.”

<sup>164</sup> Futhi wathi, “Ubengumtshumayeli osasemutsha kulabanye kuplathifomu. Ibizo lakhe beku nguBranham. Ukhona yini ongabe ekwazi ukuthi angabe engaphi? Mtshela abuye, sifuna ukuthi ethule umbiko wekuseni.”

165 O, minabo! Ngangigqoke iSikipa esincinyane, futhi lebhulugwe elinguzozo, liyazi. Futhi thina amaBaptisti sikholwa yikuba ugqoke isudu, ukuze uze kuphuluphithi, uyazi. Ngakho... Futhi nga—ngahlala ngathula zwi. Futhi ngaleso sikhathi... Babe lakho phezulu eNyakatho lesi sikhathi ngoba (emhlanganweni wabo jikelele) abantu abansundu babengeke babuye kuwo uba wawu seNingizimu. Babe labansundu lapho, futhi ngangi ngoweNingizimu, ngangilokhu ngomise intamo yami, uyabona, ngacabanga ukuthi ngangi ngconywa kulomunye umuntu. Futhi kwenzakala ukuthi ekuseni lokho, owayehlezi khona phansi eceleni kwami kwaku yindoda e—ensundu. Ngakho ngahlala ngamkhangela. Ngacabanga, “Awu, ungumzalwane.”

166 Futhi wathi, “Ukhona owaziyo ukuba angabe engaphi uWilliam Branham?” Ngatshona phansi esihlalweni njenga *lokhu*. Ngakho wathi, wakumemezela okwesibili, wathi, “Ukhona ophandle” (wasondeza duzane imayikhi yakhe encinyane) “okwaziyo ukuthi uWilliam Branham ungaphi? Mtshale siyamfuna kupulathifomu okombiko wekuseni. Yena ungumtshumayeli weBaptisti ovela eningizimu yeIndiana.”

167 Ngahlala nje ngathula zwi futhi ngakhothama phansi, uyazi. Akula muntu owayengazi, loba kunjalo. Lowo mfana onsundu wakhangela kimi, wathi, “Uyakwazi ukuthi ungaphi?”

168 Ngacabanga. Nga—ngangimele ngiqambe amanga kumbe ngenze enye into. Ngakho ngathi, “Tshayela phansi lapha.”

Wathi, “Yebo, mnumzana?”

Ngathi, “Ngifuna ukukutshela enye into.” Ngathi, “Ngi—nginguye.”

Wathi, “Awu, hamba khona phezulu lapho.”

169 Futhi ngathi, “Hatshi, angeke. Bona,” ngathi, “Ngigqoke leli bhulugwe elincane elinguzozo leSikipa lesi esincinyane.” Ngathi, “Ngingeke ngiyephezulu lapho.”

170 Wathi, “Abantu laba abalandaba ukuthi ugqoka njani. Yana phezulu lapho.”

Ngathi, “Hatshi, hatshi.” Ngathi, “Hlala uthule, ungatsho lutho manje.”

171 Futhi babuyela kufoni okomzuzu, bathi, “Ukhona owaziyo lapho okukhona uWilliam Branham?”

172 Wathi, “Nangu ulapha! Nangu ulapha! Nangu ulapha!” O, minabo! Khonapho ngaphakama ngigqoke lesi Sikipa esincinyane, uyazi. Futhi lapha ngi... .

173 Wathi, “Woza phezulu, Mnu. Branham, sifuna ulethe umbiko.” O, minabo, phambi kwabo bonke abatshumayeli labo, uhm, bonke labobantu! Futhi ngahamba ngizihudula, uyazi. Ubuso bami babubomvu, futhi lendlebe zami zivutha.

Futhi ngazihudula ngisiya khona, ibhulugwe elinguzozo leSikipa, umtshumayeli, umtshumayeli weBaptisti esiya phezulu kumayikhrofoni, ngingakaze ngibone eyodwa ngaphambili, uyabona.

<sup>174</sup> Futhi ngama phezulu lapho, ngathi, “Awu, ka—ka—kangazi ngalokhu.” Ngangi gagasa, ngethukile sibili, uyazi. Futhi—futhi ngafika lapha kuLuka 16, futhi ngacabanga, “Awu, manje...” Futhi nga—nga ngena kusifundo, “Futhi waphakamisa amehlo akhe esihogweni, futhi wakhala.” Futhi ngathola...Ngakho nga—ngaqala ukutshumayela, uyazi, futhi ngaqala ukutshumayela futhi ngezwa ngisiba ngcono kancane. Futhi ngathi, “Indoda enothileyo yayisesihogweni, futhi yakhala.” Lawa amabala amancane amathathu, njengoba ngilentshumayelo ezinengi njenga lokho, “Uyakukholwa Wena Lokhu,” futhi “Khuluma Le Dwala,” langizwa ngizitshumayela. Futhi ngangile, “Futhi-ke wakhala.” Futhi ngathi, “Akula bantwana lapho, hatshi sibili esihogweni. Khona-ke wakhala.” Ngathi, “Akula maluba lapho. Khona-ke wakhala. Akula Nkulunkulu lapho. Khona-ke wakhala. Akula Khristu lapho. Khona-ke wakhala.” Khona-ke lami ngakhala. Enye into yangibamba. Minabo! O, minabo! Emva kwalokho, angikwazi ukuthi kwenzakalani. Lapho sekungathi sengi qaqabukile, ngangimile phandle. Labo bantu bahlaba umkhosi futhi bamemeza futhi bakhala, futhi lami, saba lesikhathi esimangalisayo.

<sup>175</sup> Lapho ngiphuma phandle kwakulendoda eyeza kimi igqoke inkalakatha yengwane enkulu yeTexas, amajombo amakhulu, weza, wathi, “Ngingu Mdala *Sibani-bani*.” Umtshumayeli, amabhutsu omfana wenkomo, egqoke izigqoko zomfana wenkomo.

Ngacabanga, “Awu, ibhulugwe lami elinguzozo alilibi kangako kona-ke.”

<sup>176</sup> Wathi, “Ngikufuna uze phansi eTexas futhi ungibambeke imvuselelo.”

<sup>177</sup> “Uh-huh, ake ngibhale lokho phansi, mnumzana.” Futhi ngakubhala phansi njengalokho.

<sup>178</sup> Nansi indoda isiza igqoke olunye lwalawa amancinyane, uhlobo lwebhulugwa lwegolufu, lapho ababe jwayele ukudlala khona igolufu, uyazi, babe lawo amancane amabhulugwe angamabhulawuzi. Wathi, “Ngingu Mdala *Sibani-bani* ovela eMiami. Ngithanda uku...”

<sup>179</sup> “Minabo, mhlawumbe ukugqoka akukho kangako.” Ngakukhangela, futhi ngacabanga, “Kulungile.”

<sup>180</sup> Ngakho ngathatha lezi izinto, futhi ngekhaya ngahamba. Umkami wangihlangabeza, wathi, “Kuyini ozwakala ujabule ngakho, Billy?”



181 Ngathi, “O, ngihlangane labayibo sibili. Minabo, kuhle ongakaze ukubone. Labo bantu abayangeki ngenkolo yabo.” Futhi, o, ngamtshela konke mayelana ngakho. Futhi ngathi, “Futhi khangela lapha, sithandwa, uluhlu lonke lokunxuswa. Labo bantu!”

Wathi, “Abasibo abagiqiki abangcwele, bayibo na?”

182 Ngathi, “Angazi ukuba baluhlobo bani lwabagiqiki, kodwa balenye into leyo ebengiyifuna.” Bona? Ngathi, “Leyo—leyo yinto eyodwa engileqiniso.” Ngathi, “Ngibone indoda endala, eleminyaka eyisificamunwemunye ubudala, esiba mutsha njalo.” Ngathi, “Angikaze ngizwe ukutshumayela okunjalo empilweni yami. Ngani, angikaze ngibone umBaptisti etshumayela njenga lokho.” Ngathi, “Bayatshumayela baze baphele umoya, futhi bagobise amadolo abo aze afike phansi, baphenduke bavuke njalo, bakhokhe umoya wabo. Ungabezwa amabhuloku amabili khatshana, belokhu betshumayela.” Futhi ngathi, “A—angikaze ngizwe okunjalo empilweni yami.” Futhi ngathi, “Bakhuluma ngolimi olungaziwayo, futhi omunye wabo atsho lokho abakhuluma ngakho. Angikaze ngizwe lokhu empilweni yami!” Ngathi, “Ungahamba lami na?”

183 Wathi, “Sithandwa, lapho ngikutshada, ngizahlala lawe kuze kuthi ukufa kusehluhanise.” Wathi, “Ngizahamba.” Wathi, “Manje, sizatshela abazali.”

184 Futhi ngathi, “Awu, tshela umama wakho futhi lami ngizatshela umama wami.” Ngakho sa . . . Ngahamba ngatshela uMama.

185 UMama wathi, “Awu, sibili, Billy. Loba yini iNkosi ekubizele ukukwenza, hamba uyekwenza.”

186 Futhike uNkz. Brumbach wangicela ukuthi ngibuye ngakwakhe. Ngahamba khona. Wathi, “Kuyini lokhu okhuluma ngakho?”

187 Futhi ngathi, “O, Nkz. Brumbach,” ngathi, “lina lonke alikaze libone abantu abanjalo.”

Wathi, “Akuthule! Akuthule!”

Ngathi, “Yebo, mama.” Ngathi, “Ngiyaxolisa.”

Futhi wathi, “Uyakwazi na lelo lixuku labagiqiki abangcwele?”

188 Ngathi, “Hatshi, mama, bengingakwazi lokho.” Ngathi, “Ba—bangabantu abahle sibili.”

189 Wathi, “Wona lowo mqondo! Ucabanga ukuthi ungodonsela indodakazi yami phakathi kwabantu abanjenga lokho!” Wathi, “Isigcono! Akusilutho kodwa ingcekeza leyo elahllelwe phandle ngamanye amabandla.” Wathi, “Impela! Awusoze ulethe indodakazi yami phandle njenga lokho.”

<sup>190</sup> Futhi ngathi, “Kodwa, uyazi, Nkz. Brumbach, phansi enhliziyweni yami ngizwa ukuthi iNkosi ifuna ngihambe labantu labo.”

<sup>191</sup> Wathi, “Wena buyela ebandleni lakho baze benelise ukukwakhela indlu yobufundisi, futhi wenze njengendoda elengqondo.” Wathi, “Awusoze uthathe indodakazi yami phandle le.”

Ngathi, “Yebo, mama.” Ngatshibilika futhi ngaphuma phandle.

<sup>192</sup> Futhi uHope waqala ukukhala. Waphuma phandle, wathi, “Billy, kungenani ukuthi uMama uthini, ngizakuhlala lawe.” Busisa ihliziyoyakhe!

Futhi ngathi, “O, lokho kulungile, sithandwa.”

<sup>193</sup> Futhi ngakuyekela nje kwedlula. Wayengeke avumele indodakazi yakhe ihamba labantu abanjalo ngoba “Kwakungasilutho kodwa ingcekeza.” Futhi-ke ngakuyekela nje kwedlula. Kwaba liphutha eledlulisileyo engake ngalenza empilweni yami, elinye eledlulisileyo.

<sup>194</sup> Phambidlana kancane, iminyaka emilutshwana edlulayo, abantwana beza. Futhi ngolunye usuku sasi...Lapho kweza isikhukhula, ngo1937. Kweza isikhukhula. Futhi awethu... Ngangi phathirola kuleso sikhathi futhi ngangizama ubungcono bami ukukhupha abantu phandle kwesikhukhula, izindlu zidilikela phansi. Futhi umkami wabanjwa yikugula, futhi wagula sibili, wagula sibili ngofuba. Futhi bamkhuphela phandle...Isibhedlela sabantu bonke sasigwele kakhulu sasengeke simfake phakathi lapho, ngakho samhambisa khona ku—kuhulumende lapho ababelendlu phandle le. Futhike lapho basebengibiza ukuba ngiphenduke. Futhi ngangihlala emfuleni isikhathi sonke, futhi ngingumtshayeli wesikepe ozwayo, ngakho ngangizama ukufinyelela ebantwini, ngibophule esikhukhulweni. Futhi-ke ngang...okukodwa...

<sup>195</sup> Bangibiza, bathi, “Kulendlu eChestnut Street, isiseduze lokuwela. Kulomama futhi lexuku labantwana phakathi lapho,” bathi, “nxa ucabanga ukuthi isikepe sakho, injini yakho ingafika khona kubo.”

Ngathi, “Awu, ngizenza konke engikwenelisayo.”

<sup>196</sup> Futhi lami, ngitshaya lawo magagasi. Umbundu wawusudabukile phezulu lapho, futhi, o, minabo, i...yayisi khukhula nje idolobho phandle. Futhi ngasipha wonke amafutha engangiwenelisa, futhi ekucineni phansi emikotweni futhi laphakathi kwezindawo. Futhi ngafika lapho indunduma endala eyayikhona, amanzi ethululeka efohla. Futhi ngezwa omunye eklabalala, futhi ngabona umama emile phandle kwegosi. Futhi kwaku lalawo amagagasi amakhulu engena efohla lapho njenga lokho. Awu, ngahamba ngaqhubeka phezulu

*kule* indlela khona kude engangi kwenelisa, futhi ngangena isifula futhi ngaphenduka futhi ngafika kulelo cele. Ngamisa isikepe sami nje ngesikhathi ukuze ngisibophele ensikeni, yesigodo, somgubazi womnyango kumbe insika yegosi. Futhi ngagijima phakathi futhi ngathatha umama futhi ngamfaka phakathi lapho, futhi lababili kumbe abathathu abantwana. Futhi ngakhulula isikepe sami futhi ngasihambisa sona e... emuva. Ngaphuma phandle khona phansi ngaphansi, futhi ngamhambisa ekhunjini, phose imayila lengxenyengaphetsheya kwedolobho, ngaze ngamfikisa ekhunjini. Futhi-ke lapho ngifika khona lapho, waye seqalekile. Futhi wayeseqale... wayeklabalala, “Usane lwami! Usane lwami!”

